ISOLEZWE, Ezemidlalo
14 May 2012, p.36

Ukukhuthala kubhalwe ebusweni kuye

ZODWA NDABA

UKUKHUBAZEKA yikho kanye okumgqugquzelayo ngisho noma sezivunguza izivunguvungu zempilo.

Lena iyona ndlela azichaza ngayo umdlali wesifazane we-Wheelchair Tennis ohamba phambili eNingizimu Afrika, uKgothaso Montjane.

Lo mdlali ongowokuzalwa eLimpopo kumanje useJapan emdlalweni iSuper Series ezoqala namuhla isongwe ngoMeyi 19. Le midlalo ingemikhulukazi kwi-Wheelchair Tennis. Kule midlalo uzoqhudelana nezingqungqulu zomhlaba.

UMontjane (24) uthe yize engenantanga eNingizimu Afrika futhi engakaze ahlulwe la eMzansi lokhu akumenzi ukuthi azithwale emidlalweni yeSuper Series.

"Ngizilungiselele ngokwanele ukuthi ngifike ngenze kahle eJapan, ukusebenza kwami kanzima kungenza ngizethembe ukuthi ngeke ngihlangane nembibizane njengoba kwake kwenzeka phambilini ngiphuma emzuliswaneni wokuqala kuma-Paralympics ayeseBeijing ngo-2008," kusho uMontjane.

Uzishaya isifuba ngendlela asenze kahle ngayo kulo mdlalo ebe kade engakhulanga ewudlala.

"ITennis ngiyiqale ngo-2005 kodwa izinto esengizizuzile zingaphezu kweminyaka esengiyidlalile," kusho uMontjane.

Le ntokazi, eyenza iDiploma kwiRetail Management e-University of Johannesburg, ithi ukuhlanganyela kumaParalympics ayengo-2008 yiko akubala njengempumelelo enkulu kuyena.

ABADLALI bakuleli abavelele kuWheelchair Tennis uLucas Sithole noKgothaso Montjane kusasa abazobe beyibambe kuSuper Series eJapan

Isithombe: SITHUNYELWE

"Kwangithatha isikhathi esingaphansi kweminyaka emithathu ukuthi ngikwazi ukuhlanganyela emqhudelwaneni omkhulukazi emhlabeni nofiswa yiwo wonke umdlali. Ngiyaziqhenya ngalokho yize ngingazange ngenze kahle ngashaywa emzuliswaneni wokuqala" kuchaza uMontjane.

Le ntokazi, eyanqunywa isandla esisodwa ngenxa yokuthi yazalwa ikhubazekile kuso, ithe le midlalo yeSuper Series izoyisiza kakhulu ukuthi ibone izinga layo ukuthi limi kuphi njengoba kuzobe kukhona bonke abantu ezoqhudelana nabo kumaParalympics azokuba seLondon ngo-Agasti.

UMotjane uzobe engahambi yedwa kule miqhudelwano kodwa uzobe ehamba nozakwabo wesilisa uLucas Sithole ongowokudabuka oSizweni, eNewcastle.

USithole (25) uthe njengoba ekleliswe waba ngowes ishiyagalolunye emhlabeni, le midlalo yeSuper Series izomsiza ekutheni anyuse izinga lakhe.

"Ngifuna ukubuya sengingowesikhombisa emhlabeni kanti ngizimiselele ukuthi ngiye kuma-Paralympics sengingowesihlanu," kuchaza uSithole.

Le nsizwa izodlulela e-England la izobe idlubhe imibala yakuleli emqhudelwaneni weWellington Cup ozoqala ngoMeyi 21.

Muva nje uSithole usanda kudla umhlanganiso kwiGauteng Open ebise-Ellis Park Stadium, eGoli.